basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2011

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: amahora amabili**

**Leli phepha linamakhasi ayi-11.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
   ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (30)

2. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

3. Mabaphendule YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Mabaqalise isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese bedwebela umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Mababhale izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.

6. Mabashiye umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Mababhale ngobunono nangesandla esifundekayo.

8. Mabaqaphele upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

### UMBHALO A (Ofundwayo)

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ngaso.

IsiZulu sithi intandane enhle umakhothwa ngunina. Lokhu okusho ukuthi uma unomama unakho konke ezweni. Omama bayibamba ishisa ngempela bezama ukuthi kube nemfudumalo emakhaya. Bekuba lula lokhu esikhathini esingaphambili ngoba lo msebenzi onzima kangaka bebewubambisene nomphakathi. Ingane yami bekuyingane yakho futhi kuyingane yomphakathi. Noma yimuphi umzali ubekwazi ukukhuza ingane kamakhelwane uma iganga futhi ubekwazi ukuyiphakela ukudla uma ilambile. Leli sikompilo nokho seliya ngokushabalala ngoba wonke umuntu usezikhathaza ngalokho okuqondene naye. Saphelelaphi lesi sisho esithi umuntu ngumuntu ngabantu?

Umbuzo okumele sizibuze wona namhlanje owokuthi baphi omama njengoba isimo sesiguquke kangaka ezweni? Izingane zidla izidakamizwa, zihamba izindawo zokungcebeleka ngaphandle kwemvume yabazali. Izinga lokukhulelwa kwezingane zamantombazane lenyuka minyaka yonke. Okunye okunqinda amandla omama ukungenelela kukaHulumeni ekunakekeleni izingane, ikakhulukazi eziyizintandane, nalezo ezizalelwa emakhaya. Bonke omama abasakwazi ukweluleka amantombazane ngokuzigcina eyizintombi nto ngoba amantombazane ayazi ukuthi uma enezingane uHulumeni uzowaholela imali yeqolo, egcina isifeze izidingo zawo. Kuyadabukisa-ke nokho ukuthi kwakungeyona inhloso kaHulumeni le yokuholela onina bezingane kodwa kwakuwukondla izingane ezingenabani. Lokhu sekufakazela khona ukuthi kwesinye isikhathi umlungisi uzithela isisila. Yingakho sekwabakhona izingane esezabhabhathiswa kabusha zabizwa ngama-'*Street Kids*'. Akekho noyedwa ongazi ukuthi lezi zingane seziyimihambima nje, eziningi zazo zinamakhaya kanye nomama abaphilayo.

Sekwenzekile konke lokho, ingcabha isasele ngomama. Baphi omama abazothi: 'Thuma mina Nkosi!' Ngabe omama baneliswa ukuba bahle, bagqoke kahle, kubemnandi kube kukhona abahluphekayo? Nangesonto kuba njalo, omama baswenka sengathi baya emjahweni wamahhashi. Omama kumele bazibuze ukuthi yimuphi umehluko abangawenza bengomama. Lokhu kudinga omama abazonikela ngesikhathi sabo hhayi abantu ababheke ukuzuza ngaso sonke isikhathi. Kunomama abenza umgunyathi wokuhola imali yezintandane kanti bazidonsela amashwa ngalesi senzo. UNkulunkulu eBhayibhelini wasebenzisa owesimame owayengaziphethe kahle ukusindisa umndeni wakhe olakeni lwakhe. Lesi sibonelo sikhombisa ukuthi uNkulunkulu angasebenzisa noma ngubani ukwenza umsebenzi wakhe wokuvikela abantu bakhe.

Omame baneziphiwo ezahlukene, ngakho akekho ongathi ngeke aphumelele ukwenza okuthile ekunakekeleni impilo yezingane. Uma ungasebenzi, uzithanda izingane, siza ngokugadela amantombazane izingane zawo azithole esafunda, ukuze la mantombazane akwazi ukubuyela esikoleni afunde aqede. Kuyadingeka omama bawatshele amantombazane izizathu zokusizwa kwawo ukuthi akukhona ukuthi mawaqhubeke aqhulule izingane kodwa kulungiswa ikusasa lawo. Ukufundisa ingane yentombazane noma isinengane ukuzethula umthwalo omkhulu wokondla yona nengane yayo impilo yayo yonke.

Enye indlela engelekelela ekukhuliseni izingane nokuxosha ikati eziko ukubuyela emhlabathini kutshalwe izivande. Uma sitshala imifino namazambane nokunye singakwazi ukondla izingane ngethemba lokuthi ipuleti lokudla okunomsoco lizoyisiza ingane ukuthi ifunde ingakhathali futhi ikhule yondlekile. Konke lokhu kwenziwa omama abalicabangelayo ikusasa lezingane zabo. Omama abayeke ukuba ngokhangezile abaphila ngo 'danki'. Kukhona izindawo la imifino nezithelo ezitshalwe ngomama ngokuxhaswa uHulumeni zigcina zibolile ngoba bengazi ukuthi bazozidayisa kuphi. Bakwethu kubola kanjani ukudla kukhona abalambile? Uma endaweni yangakini wonke umuntu emi kahle, hlaba umkhosi ukuze abanye abantu bazi ukuthi kuyalahlwa ukudla ngakini bafike bazokulanda bo!

Okunye okufanele kwenziwe omama ukuthandazelana. Ukuthandazelana kuwukuthwalisana umthwalo kulowo osindwayo osuke engenawo amandla anele wokuwuthwala. Omunye umama owayehlushwa kakhulu izingane zakhe eselahle ngisho ithemba, wasizwa imikhuleko yomama ababehlala njalo bemhambela bese bemshiya nomkhuleko. Emva kwesikhathi izingane zakhe zaguquka zamhlonipha lo mama. Lo mama wabonga imithandazo yomama ayekhonza nabo. Omama ababekhuleka bathi kuye makangabongi bona kodwa makabonge uNkulunkulu. Baphinda bameluleka ngokuthi makasukume asebenzele iNkosi. Ngemuva kweminyaka emihlanu lo mame waphenduka waqala ukusebenzela iNkosi. Kwabuya emqondweni wakhe ukuthi ngesikhathi ehlushwa yizingane zakhe wasizwa yimithandazo yomama. Ngaleso sikhathi wayengazi nokuthi ngelinye ilanga uyophenduka akholwe ukuthi uNkulunkulu unguMdali wakhe.

Omame kuyabonakala ukuthi baneqhaza elibalulekile okumele balibambe ekukhuliseni izingane, nasekuthwalisaneni ezinkingeni ababhekana nazo bengumphakathi. Ngokubambisana komame izwe laseNingizimu Afrika lingaqhakaza.

1.1.1 Nikeza igama elisesigabeni sokuqala elisho ukuthi uma kunomama ekhaya kuba nokuphila kahle. (1)

1.1.2 Yini ebiyenza kubelula ukukhulisa izingane ngesikhathi esingaphambili? (2)

1.1.3 Ngokwalesi siqephu kungani omama behluleka ukweluleka amantombazane ngokuzigcina eyizintombi nto? (2)

1.1.4 Ngokwalesi siqephu yikuphi OKUTHATHU okungafanele okwenziwa izingane zanamuhla okufakazela ukuthi isimo sesiguqukile ezweni? (3)

1.1.5 Khetha impendulo EYODWA kulezi ozinikiwe. Isimo sokukhuluma esithi: 'Bayibamba ishisa' sichaza …

A ukubamba into eshisayo.
B ukuthenga into entshontshiwe.
C ukubekezelela ubunzima.
D ukubekezelela ukushisa kwelanga. (1)

1.1.6 Uyavumelana yini nomlobi walesi siqephu ukuthi imali ekhishwa uHulumeni emayelana nokondla izingane ayiwenzi umsebenzi wayo ngokufanelekile? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.7 Kungani kusetshenziswe usonhlamvukazi kuleli gama elilandelayo?

'uMdali' (1)

1.1.8 Ngokucabanga kwakho yibuphi ubuhlungu obuzwiwa izingane ezibizwa ngama *'street kids'*? Nikeza OKUBILI. (2)

1.1.9 Ngokwazi kwakho, kunawo yini umphumela omuhle ukuthandazelana kwamakholwa empilweni jikelele? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.10 KULIQINISO noma UMBONO ukuthi, 'Bonke omama abasakwazi ukweluleka amantombazane ngokuzigcina eyizintombi nto'? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Yini eyenza uzwelane noma ungazwelani nomama abaphathela izingane zabo abantwana? Nika isizathu esizwakalayo. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (Obukwayo)**




1.2.1 Kulabo mama abasesithombeni kukhona okufanayo nokungafani. Nikeza OKUKODWA okufanayo NOKUKODWA okungafani. (2)

1.2.2 Nikeza isizathu ESISODWA esibangela lo mama obelethe ingane ukuthi aphathe isikhwama. (1)

1.2.3 Ucabanga ukuthi kubangelwa yini ukuthi omunye walabo mama aye emhlanganweni ebelethe umzukulu? (2)

1.2.4 Labo mama baya emhlanganweni wezolimo …

Qedela ngokukhetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo.

A ukuyothandazela imvula.
B ukuyogoma izingane.
C ukuyothola ulwazi ngezolimo.
D ukuyohola imali yempesheni. (1)

1.2.5 Emva kokufunda isiqephu esingenhla kanye nokubuka isithombe yimuphi umphumela ongemuhle ekutheni abazali bagadele amantombazane izingane zawo? (2)

1.2.6 Ngaphandle kwalokhu okushiwo endabeni nokusesithombeni, yikuphi okumele kwenziwe ukusiza labo mama abaphathela amantombazane izingane? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamagama akho angedluli kwangama-70, unikeze ubuhle nezindlela ezahlukene zokubingelelana. Impendulo mayibe yisigaba/izigaba noma amaphuzu.

Ukubingelela kusho ukubonana. Kusho ukwazana. Kusho ukuxhumana. Kusho ukuvuselela ubuhlobo nobuntu. Ngaphandle kokuvuselela nje kwandisa nobuhlobo. Ukubingelela kwehlukene kaningi. Abanye bathi ukuvusela kanti abanye bathi ukufisela. Mahle la magama, anemvuselelo nokufiselana izilokotho isibili. Umuntu wazisana nabanye ngoba engehlale esiqhingini. Uma kunganjalo angafa fi.

Ukubingelela akuwona umkhuba nje kodwa kuyisikompilo. Asibingeleli ngoba sifuna ukubukwa noma ukunconywa. Nokho kubuhlungu ukubingelela kungavunywa, kwephula umoya kuqede nothando. Uzwa omunye esethi: 'Hha la ngidleni yakhe ngingaze ngibe nesimbelambela setoho lokubingelela?' Kanti naye lo usuke esephaphalaza. Uma umbingelelwa engavumi nguyena osala nentshidi nesidanga sevondwe.

Ukubingelela kuyisiqalo esimqoka ngoba singasekuqaleni kwenkulumo. Uma umuntu eqala inkulumo engabingelelanga sengathi uyabeya labo akhuluma nabo. Ongabingeleli udala ukuthi inkulumo yakhe ingathakaseleki, ingahlwabusi ngoba akaxhumene nalabo akhuluma nabo. Angiphathi-ke uma ezothi: 'Mabandla kaMjokwane kaNdaba!' Usuke esebahlabe umxhwele. Kusho ukuthi uyabazi, wazi nemvelaphi yabo. Uma umuntu ekubingelela akuthophe nangezithakazelo zakho, ukuthinta emanonini, kuthi cosololo.

Ukubingelelana kumikhakha miningi. Ukuxhawulana kusho ukwamukelana nokungenyanyani. Kusho ukusondelana nokungexwayani. Kuzwakala nangokuqina kwesandla nje yisona esikhuluma siyiqede indaba. Inkulu indaba isebusweni, uma umuntu ekubingelela ngenhliziyo emhlophe umbona lapha ebusweni ngoba buyachachamba.

Indlu emnyama ayinaso isikhathi esinqunyelwe sokubingelela. Asisho ukuthi: 'Sawubona ekuseni', 'Sawubona ntambama'. Lokhu kungathatha kubulale ubuhle bokubingelelana. Kungasidalela umsebenzi wokubheka iwashi ngaphambi kokuvuma. NgokwesiZulu awukwazi ukubingelela umuntu ekude kodwa ulinda nize nisondelane. Esilungwini kubingelelwa ngesikhathi futhi awumbingeleli umuntu ongamazi, hleze uzidonsele uhoshahosha lwemibuzo. Ngokwabantu abansundu ubingelela nomuntu ongamazi inqobo nje uma engumuntu.

Umuntu ongazihluphi ngokubingelela uyadabukisa. Akazi ukuthi umuntu ungumuntu ngabanye abantu. Lo muntu wehlulwa nayisilwane uqobo. Izilwane uma zihlangana ziye zinukane. Uma zehluleka lapho ziyalwa. Nazo indlela yazo leyo yokuxhumana. Noma ungaziwa kahle umlando wezilwane, kodwa kuyaziwa ukuthi ziyabhonga uma zizwa umswani wesinye isilwane esinjengazo. Kusho ukuthi nakubantu uma umuntu ehlulwa ukubingelela, okungenani akakhombise ngobuso obuchachambile ngoba phela akakwazi ukuvula umlomo abingelele. Abantu abazona izilwane mababingelelane.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Fundisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

*Lala Lapha Hotel*

*INDAWO YOKUHLALA EPHEPHILE*

***Amanani aphansi ahambisana nezikhathi zonyaka***

***R390,00-(Ikamelo lokulala ngosuku)***

***Nakhu okunye ongakuthakasela ngaleli hhotela:***

- Umshini onomoya obandayo noshisayo
- Umabonakude onazo zonke izinhlelo
- Ibanga elingamakilomitha angama-24 kuphela ukuya esikhumulweni sezindiza i-King Shaka
- Indawo yokupaka izimoto ephephile
- Imizuzu engu-5 ukusuka enkabeni yeDolobha

Sitholakala kuleli kheli:
1437 Stalwart Simelane Street
Durban
4001
Inombolo yocingo: 031 306 2606/4275

Ikheli le-imeyili:
infohotelbrits.com

3.1 Kulesi sitatimende esilandelayo kunamaphutha. Phinda usibhale uwalungise.

'Imizuzu engu-5 ukusuka enkabeni yeDolobha'. (2)

3.2 Kungani igama *Lala Lapha Hotel* libhalwe ngefonti etshekile? (2)

3.3 Ukukhethwa kwegama 'EPHEPHILE' esihlokweni esithi 'INDAWO YOKUHLALA EPHEPHILE' kunamthelela muni kulesi sikhangisi? (1)

3.4 Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo. Ngokwalesi sikhangisi, izikhathi zonyaka zichaza …


A uJanuwari noJuni.
B ubusika nehlobo.
C uMashi noDisemba.
D uNovemba noSeptemba. (1)

3.5 Kunamthelela muni ebhizinisini lehhotela ukuba nezikhangisi ezifana nalesi esingenhla? (2)

3.6 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni ulimi ngobuciko ekukhangiseni. Nikeza isibonelo ESISODWA. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.




**UBobo wenza umsebenzi wasemsebenzini ekhaya.**

4.1 Finyeza igama elidwetshelwe elisenkulumeni kaBobo. (1)

4.2 Funda okushiwo yintombazane kule khathuni. Esikhundleni sikandebembili obhalwe ngokugqamile egameni 'manzi', susa lo ndebembili ufake omunye undebembili ukuze kuvele igama elisha. Sebenzisa leli gama elisha emshweni wakho ozakhele wona. (2)

4.3 UBobo usebenzela ekhishini. Yikuphi OKUKODWA okukhombisa lokhu? (1)

4.4 Hlaziya ukuchema okuvezwa yinkulumo kaBobo. (2)

4.5 Khetha impendulo EYODWA kulezi ozinikeziwe.Okwenzeka kulesi sithombe kukhombisa ngokusobala ukuthi uBobo …

A akanandaba nokwenziwa izingane.
B ukhuthalele umsebenzi wakhe.
C uhlala nezingane kuphela kuleli khaya.
D akanandaba nesimo esikuleli khaya. (1)

4.6 Ikhombisa ulimi olunjani inkulumo yomfana okule khathuni? (1)

4.7 Ngabe umdwebi wale khathuni uphumelele yini ukwedlulisa umyalezo wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Izingane kumele zikhuliswe abazali ngendlela efanele. Abazali kumele bazitshele ukuthi lo msebenzi ubhekene nabo hhayi omunye umuntu. Kuyinto enzima ukukhulisa izingane ikakhulukazi ngalesi sikhathi samanje. Abazali abaningi bayaye bakhulise izingane ngokuzitshela ukuthi azenzeni, kanti akusenjalo manje sekuyaboniswana. Ngenye indlela kumele izingane zinikwe ithuba lokuba zikhulume. Noma zinikiwe ithuba lokukhuluma kodwa lokho akuchazi ukuthi mazichachaze emakhanda abazali bazo. IBhayibheli lithi hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande ezweni. Isintu sona sibuye sibhekise emantombazaneni ngokuthi ihlonipha lapho ingeyikwendela khona.

Umthethosisekelo wakuleli, ukucacisa bha ukuthi omdala nomncane unamalungelo okumele ahlonishwe ngaso sonke isikhathi. Okuyaye kudumaze ukuthi abantu abasha abakunaki ukuthi la malungelo ahambisana nokuwanakekela ukuze bakwazi ukuhlalisana nomphakathi. Intsha iyawaxhaphaza la malungelo ngokwedelela abantu abadala. Ayinqeni ukubopha abazali babo imbala uma ethuke wamethusa ngoswazi nje. Lokho ikwenza egameni lokuhlukunyezwa kwamalungelo ayo. Umuntu omdala useyokhalelwa amasongo kaSigonyela alale esebaliwe. Okumangalisayo lo mzali oseboshiwe uyena oletha ipuleti lokudla lapha ekhaya. Azibuye emasusweni, intsha iyithemba nekusasa le zwe lethu.

5.1 Kunezakhi ezidwetshelwe emishweni esemigqeni woku-1 nowesi-4. Nikeza umqondo eziwuqukethe. (2)

5.2 Funda umusho odwetshelwe osemgqeni we-13 bese uwuguqula ube sendleleni yamandla. (1)

5.3 Sebenzisa isihlanganiso esifanele ukuhlanganisa le misho elandelayo:

Umzali uyazinikela ekukhuliseni izingane. Umzali ufuna zikhule zibe qotho. (1)

5.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.Igama elithi: 'ukwenda' libuye lisho okunye kunalokho elikusho emgqeni we-9.

A Ukungabi nalutho
B Ukushadelwa kwensizwa
C Ukushona kwewele
D Ukushada kwentombi (1)

5.5 Nikeza igama ELILODWA elimele ibinzana lamagama adwetshelwe emgqeni we-16. (1)

5.6 Lungisa amaphutha emagameni AMABILI asemigqeni we-17 nowe-18. (2)

5.7 Isaga esidwetshelwe esisemigqeni we-8 nowe-9 ngabe sisetshenziswe kahle yini? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha